



KOSI BAY COASTAL FOREST LAKE SIBAYA SODWANA BAY UMKHUZE FALSE BAY CHARTERS CREEK LAKE ST LUCIA CAPE VIDAL MAPHELANE

09 kuNhlaba 2023

KUKHISHWA NGOKUSHESHA

UMKHANKASO WE-UNESCO eDNA SAMPLING

iSimangaliso Wetland Park njengendawo edumile enemvelo ehlukahlukene kanye nokuba indawo yokuqala eNingizimu Afrika elondoloza amagugu omhlaba sibambe iqhaza kumkhankaso owenziwa inhlango eyaziwa ngokuthi yi-UNESCO obizwa ngokuthi i-UNESCO eDNA (Environmental DNA) sampling campaign. Lolu hlelo Iwezobusayensi Iwenziwa umhlaba wonke futhi luzosiza ukubheka izilwane eziphila emanzini kanye nokubheka ukuthi ukuguquka kwesimo sezulu kuba namthelela muni ekusabalaleni kwazo lezo zilwane kuzo zonke izindawo ezilondoloza amagugu omhlaba. Uhlelo IweSimangaliso Wetland Park olwaziwa ngokuthi yi-Environmental Education and Awareness Program ngokubambisana nezikole ebezikhethiwe kulezi ezingomakhelwane nePaki bahlanganyele ndawonye ukuthatha amasampula echwebeni lase-St. Lucia, olwandle (Ingwe beach), ulwandle Iwase-Mission rock, Sodwana Bay kanye nase Kosi Bay.



Bekuthathwa abafundi abahlanu isikole ngasinye ukuba babe ingxenye yalo mkhankaso wokuthathwa kwamasampula. Izikole ezibambisane neSimangaliso kulo mkhankaso kube iSilethukukhanya High School yaseMtubatuba, Inkosi Moses Zikhali High School yaseMbawana kanye neStar of the Sea High School yaseManguzi.



Okungaba umphumela omuhle walo mkhankaso ukuthi kungahle kube nezinguquko mayelana nolwazi lwezemvelo nezilwane ezahlukahlukene kanye nokugqugquzelu isizukulwane esilandelayo sabacwaninga ngolwandle. Abafundi bathole ithuba lokubamba iqhaza kwezobusayensi okuyinto engaphinde isize ukwakha ososayensi bangomuso.

Lo mkhankaso wokuthathwa kwamasampula uzokwenziwa ezindaweni ezingamashumi amabili nanhlanu, okuyizindawo ezahlonzwa yinhlango i-UNESCO ezilondoloza amagugu omhlaba. Imiphumela yalo mkhankaso kulindeleke ukuthi inikeze ulwazi oluyisifinyezo mayelana nezilwane eziphila emanzini, okuzobhekiswa kakhulu kwizinhlanzi kanye nezinye izilwane ezinemigogodla emikhulu okuwukuthi eziningi zazo zivele zikhona kuhla lwezilwane ezibhekene nobungozi kwinhlangano eyaziwa ngokuthi yi-IUCN (International Union for Conservation of Nature). iSimangaliso Wetland Park siyngxenye yazo lezi zindawo ezilondoloza amagugu omhlaba.



Abafundi bebejabule kakhulu futhi bezinikele ngokuphelele ekubeni ingxenye yalo mkhankaso, iSimangaliso Wetland Park njengendawo edumile enemvelo ehlukahlukene eyahlonzwa yinhlangano i-UNESCO silokhu siqhubeka njalo nokuphakamisa ifulegi.

-lyaphela-

Isitatimende sikhishwe iSimangaliso Wetland Park Authority

Abezindaba bengaxhumana no:

MLO: Mr Bheki Manzini

Call/Whatsap: 060 533 2082

Email: bhekimanzini@isimangaliso.com